Isifundo 4

**October 21–27*

Ukulungisiswa Ngokholo



ISABATHA EMINI

Funda Kuleliviki:
Rom. 3:19–28.

Indimana Yekhanda:
"Ngalokho siyaphetha ngokuthi umuntu ulungisiswa ngokukholwa ngaphandle kwemisebenzi yomthetho" (Romans 3:28).

Kulesisifundo sifika kwindikimba eyisizinda sabaseRoma: Ukulungisiswa ngokukholwa—iqiniso elikhulu okwathi, ngaphezu kwalo lonke elinye iqiniso, laletha i-Protestant Reformation. Futhi ngaphandle kwayo yonke inkulumo ephikisayo, iRoma alikaguquki kulenkolelo namuhla njengoba kwakunjalo ngo-1520, ngenkathi u-Pope Leo ekhipha Incwadi kaphapha ebeka icala ku-Luther kanye nezimfundiso zakhe. U-Luther wayishisa lencwadi ngoba uma kunemfundiso eyangasoze yacekelwa phansi, Ukulungisiswa ngokukholwa kwakuyiyo. Umusho ngokwawo ungumfanekiso umi phezu komthetho. Oweqe Umthetho uza ngaphambi komahluleli futhi agwetshelwe ukufa ngenxa yesono zakhe. Kepha bese kuqhamuka ozothatha indawo futhi athathe amacala esoni phezu kwakhe, ngalokho isoni sibemsulwa. Ngokwamukela othatha indawo yaso, iselelesi sima phambi komahluleli, hhayi kuphela singenacala kepha sinjengomuntu ongakaze abenamacala amlethe lapha enkundleni. Lokhu kungenxa yokuthi othatha indawo yaso—yena ophelele—unikeza iselelesi esithethelelwa ukuphelela kwakhe ekugcineni Umthetho. Ecebeni losindiso sonke ngamunye siyizelelesi. Othatha indawo yethu, uJesu, unomlando ophelele, futhi uma enkundleni esikhundleni sethu, ukulunga Kwakhe kwamukelwa esikhundleni sokungalungi kwethu. Yingakho silungisiswa phambi kukaNkulunkulu, hhayi ngenxa yemisebenzi yethu kodwa ngenxa kaJesu, okulunga Kwakhe kuba ngokwethu lapho sikwamukela "ngokukholwa." Khuluma ngezindaba ezilungileyo! Empeleni, izindaba azikwazi ukuba ngcono kunalokho.

**Funda isifundo saleliviki ukulungiselela iSabatha lika-October 28.*

Izenzo Zomthetho

Funda abaseRoma 3:19, 20. Uthini uPawule lapha mayelana nomthetho, mayelana nalokho okwenzayo, kanye nangalokho ongakwazi ukukwenza nongeke wakwenza na? Kungani leliphuzu lisemqoka kakhulu kumaKristu onke ukuba aliqonde na?

UPawule usebenzisa igama elithi Umthetho ngokubanzi ngendlela umJuda ngesikhathi sakhe ayeliqonda ngalo. Ngetemu elithi Torah (igama lesiHeberu lo "mthetho"), umJuda nanamuhla ucabanga ngokukhethekile ngeziyalo zikaNkulunkulu ezincwadini ezinhlanu zokuqala zikaMose kodwa futhi ngokuvamile ngeTestamente Elidala lonke. Umthetho wokulunga—kanye nokwandiswa kwawo ezimisweni, kanye nemithetho yokugubha—kwakuyingxenye yaleziziyalo. Ngenxa yalokhu singacabanga ngomthetho lapha njengohlelo lobuJuda. Ukuba ngaphansi komthetho kuchaza ukuba ngaphansi kwesifunda sawo. Umthetho, nokho, wembula ukusilela komuntu kanye necala phambi kukaNkulunkulu. Umthetho awukwazi ukususa icala; ongakwenza ngukuholela isoni ekufuneni isixazululo saso. Lapho sisebenzisa Incwadi yabaseRoma ezikhathini zethu, lapho Umthetho wesiJuda ungasasebenzi, sicabanga ngomthetho ngokweMthetho Elishumi. Lomthetho awukwazi ukusisindisa njengalokhu nowamaJuda wawungakwazi ukusindisa amaJuda. Ukusindisa isoni akuwona umsebenzi womthetho. Umsebenzi wawo kungukwembula isimilo sikaNkulunkulu kanye nokubonisa abantu lapho besilela khona ekuvezeni lesosimilo. Noma ngabe yimuphi Umthetho—owokulunga, owokugubha, owezenhlalakahle, noma yonk ihlangene—ukugcina noma yimuphi kuyo noma yonke ngokwako ngeke kwamenza umuntu alunge phambi kukaNkulunkulu. Empeleni, Umthetho wawungamiselwanga Ukwenza lokho. Kunalokho, Umthetho kwakumele ukhombe ukwesilela kwethu futhi usiholele kuKristu. Umthetho awukwazi ukusisindisa njengoba nezipawu zesifo zingakwazi ukwelapha isifo. Izimpawu azelaphi; siveza isidingo sokwelashwa. Umthetho usebenza kunjalo.

Imizamo yakho yokugcina Umthetho ibenempumelelo enjani na? Impedulo kumele ikutsheleni ngobuze bokuzama ukusindiswa ngokugcina Umthetho na?

Ukulunga KukaNklunkulu

“Manje ukulunga kukaNkulunkulu ngaphandle komthetho kubonakalisiwe, kufakazelwa ngomthetho nabaprofethi” (Rom. 3:21). Okuchazwa yilendimana kumele sikuqonde kanjani na?

Lokhu kulunga okusha kuqhathaniswe Nokulunga komthetho, okwakungulunga umJuda ayekujwalyele. Lokhu kulunga okusha kubizwa “ngokulunga kukaNkulunkulu’; okungukuthi, ukulunga okuvela kuNkulunkulu, ukulunga okuhlinzekwa nguNkulunkulu, okuyikona kuphela akwamukela njengokulunga kweqiniso. Nembala, lokhu kulunga uJesu akuveza empilweni Yakhe elapha njengomuntu—ukulunga akunikeza bonke abakwamukela ngokukholwa, abazibangela kona, hhayi ngoba bekufanele kepha ngoba bekudinga. “Ukulunga kungukulela Umthetho. Umthetho ufuna ukulunga, futhi lokhu isoni sikukweleta Umthetho; kodwa asikwazi ukukwenza. Okuyiyona ndlela kuphela angafinyelela ngayo ekulungeni kungokukholwa. Ngokukholwa angaletha kuNkulunkulu ukufaneleka kukaKristu, futhi iNkosi ibeka ukulalela kweNdodana Yakhe esikweletini sesoni. Ukulunga kukaKristu kwamukelwa endaweni yokwehluleka komuntu, futhi uNkulunkulu amukele, axolele, alungisise, umphefumulo ophedukayo nokholwayo, amphathe sengathi ulungile, futhi amthande njengoba ethanda iNdodana Yakhe.”—Ellen G. White, Selected Messages, book 1, p. 367. Ungafunda kanjani ukuzamukelela leliqiniso elimangalisayo na? Buka futhi uRom. 3:22.

Ukholo lukaJesu Kristu lulapha, ngokungangabazi, ukukholwa kuJesu Kristu. Njengoba lusebenza empilweni yomKristu, ukholo lungaphezulu kokuvuma ngokuhlakanipha; kungale kokuvuma amaqiniso athile ngempilo kaKristu kanye nokufa Kwakhe. Kunalokho, ukukholwa kweqiniso kuJesu Kristu kungukwamukela Yena njengoMsindisi, Umthathi-ndawo, Isiqiniseko, kanye neNkosi. Kungukukhetha indlela Yakhe yokuphila. Kungukwethemba Yena nokufuna ngokukholwa Ukuphila ngokwemithetho Yakhe.

NgoMusa Wakhe

Sikhumbula lokho esesikufundile kuze kube manje ngomthetho nalokho ongakwazi ukukwenza, funda abaseRoma 3:24. Uthini uPawule lapha na? Kuchaza ukuthini ukuthi ukusindiswa kukuJesu na?

Yimuphi umqondo woku "lungisiswa," njengalokhu utholakala kulendimana na? Igama lesiGriki elithi dikaioo, elihumshwe "ukulungisisa," lingachaza "Ukwenza kulunge," "ukumemezela ukuthi kulungile," noma "ukubona kulungile." Igama lakhelwa empandeni efanayo neka-dikaiosune, "ukulunga," kanye negama elithi dikaioma, "ukulunga okufunekayo." Yingakho kunokusondelana okukhulu phakathi "kokulungisiswa" kanye "Nokulunga," ukuxhumana okungavamile ukuvela ekuhumusheni okwehlukene. Silungisiswa uma "kithiwa silungile" nguNkulunkulu. Ngaphambi kwalokho kulungisiswa umuntu akalungile futhi akamukelekile kuNkulunkulu; ngemuva kokulungisiswa yena uthathwa njengolungile futhi ngalokho amukelekile Kuye. Futhi lokhu kwenzeka kuphela ngomusa kaNkulunkulu. Umusa uchaza isihle. Ngenkathi isoni siphendukela kuNkulunkulu sifuna usindiso, kuyisenzo somusa ukubona noma ukumemezela lowomuntu elungile. Kuyisihle esingafanelwe, futhi ikholwa lilungisisiwe ngaphandle kokufaneleka kwalo, ngaphandle kokuthile elingakubeka phambi kukaNkulunkulu ngaphandle kokungafaneleki kwalo. Lowomuntu ulungisiswa ngokuhlengwa okukuKristu Jesu, Ukuhlenga uJesu akunikela njesiqiniseko nokuthatha indawo yesoni. Ukulungisiswa kwethulwa kwabaseRoma njengesenzo esenzeka ezikhathini esithile. Ezikhathini esithile isoni singaphandle, singcolile, futhi asamukelekile; kwesilandelayo, okulandela Ukulungisiswa, umuntu ungaphakathi, wamukelekile, futhi ulungile. Umuntu okuKristu ukubuka ukulungisiwa njengesenzo esedlule, sona esenezeka lapho ezinikela kuKristu ngokuphelele. "Ukulungisiswa" (Rom. 5:1), empeleni "kungukuba ngowalungisiswa."

Nembala, uma isoni esilungisisiwe siwa bese sibuyela kuKristu, Ukulungisiswa kuzokwenzeka futhi. Futhi, uma Ukuphenduka kabusha kuyinto eyenzeka nsuku zonke, kunomuzwa wokuthi Ukulungisiswa kungaba ngamava aphinda phindayo.

Ngezindaba esinhle sosindiso kuyizindaba ezilungileyo, yini ebamba abantu ukuba bazamukele na? Empilweni yakho, hloboluni lwezinto ezikubamba ukuba ufinyelele ezithembisweni iNkosi ekunikeza zona na?

Ukulunga KukaKristu

KwabaseRoma 3:25, uPawule wenaba kabanzi ngezindaba ezinkulu zosindiso. Usebenzisa igama elihle, isihlawulo. Igama lesiGriki lalo lithi, hilasterion, livela lapha kuphela KwiTestamente Elisha nakumaHeberu 9:5, lapho lihumushwe njenge "sihlalo somusa." Njengoba Lisetshenziswe kwabaseRoma 3:25 ukuchaza isipho sokulungisiswa kanye nokuhlengwa ngoKristu, isihlawulo sibukeka simele ukufezeka kwakho konke okwakumelwe yisihlalo somusa endaweni Engcwele yeTestamente Elidala. Lokhu kuchaza ukuthi-ke, ngokufa Kwakhe, uJesu ubekiwe njengomgudu wosindiso futhi ufanekiswe njengalowo oyinhlawulo. Kafushane nje, kuchaza ukuthi uNkulunkulu wenza lokho okwakudingekile ukuba asisindise. Indimana ikhuluma futhi "ngokususwa kwesono." Yizono zethu ezisenza singamukeleki kuNkulunkulu. Akukho esingazenzela kone ukususa izono zethu. Kodwa ecebeni losindiso, uNkulunkulu unikeze indlela yokuthi lezizono zisuswe ngokukholwa egazini likaKristu. Igama elithi "ukususa" ngelesiGriki elithi paresis, empeleni lichaza "ukweqa" noma "ukwedlula." "Ukweqa" akusho ukuziba izono. UNkulunkulu angazeqa izono esedlule ngoba uKristu useyikhokhile inhlawulo yazo zonke izono zabantu ngokufa Kwakhe. Noma Ngubani, nokho, "okholelwa egazini Lakhe" angaba nokuthi izono zakhe zisuswe, ngoba uKristu usemfele yena (1 Kor. 15:3).

Funda abaseRoma 3:26, 27. Uthini uPawule lapha na?

Izindaba ezinhle uPawule ayelangazelela ukwabelana ngazo nabo bonke ababengalalela ngezokuthi kwasekukhona esintwini "ukulunga Kwakhe[okungukuthi, kukaNkulunkulu]" nokuthi lokhu kuza kithi, hhayi ngemisebenzi. Hhayi ngokufaneleka kwethu kepha ngokukholwa kuJesu kanye nakulokhu asenzele kona. Ngenxa yeKhalivari, uNkulunkulu uyakwazi ukuthi izoni zilungile futhi abonakale enza ngokufanele futhi elungile phambi kwamehle ezwe lonke. USathane ngeke akwazi ukukhomba uNkulunkulu ngomunwe obeka icala, ngokuba Izulu lenze umhlatshelo omkhulu kunayo yonke. USathane wayebeke uNkulunkulu icala lokhuthi ufuna esintwini okungaphezulu kwalokho Yena ayezimisele ukukunikeza. Isiphambano siphikisana nalowo mbango.

USathane, kusenokuba wayelindele ukuba uNkulunkulu abhubhise umhlaba ngemuva kokona kwawo; kunalokho, uNkulunkulu wathumela uJesu ukuzowisindisa. Lokhu kukutshelani ngesimilo sikaNkulunkulu na? Ukwazi ngesimilo Sakhe kumele kuyithinte kanjani indlela okumele siphila ngayo na? Yini ozoyenza ngokwehlukile kumahora angu-24 alandelayo ngenxa yokwazi ukuthi uNkulunkulu unjani na?

Ngaphandle Kwezenzo ZoMthetho

"Ngalokho siyaphetha ngokuthi umuntu ulungisiswa ngokukholwa ngaphandle kwemisebenzi yomthetho" (Rom. 3:28). Ngabe lokhu kuchaza ukuthi akudingekile ukuba silalele Umthetho nakuba ungasisindisi na? Chaza impendulo yakho

Kumlando wengqikithi, uPawule wayekhuluma kwabaseRoma 3:28 ngomthetho ngobubanzi bawo enqubeni yobuJuda. Noma ngabe umJuda wayezama kangakanani Ukuphila ngaphansi kwalenqubo, lowo muntu wayengakwazi Ukulungisiswa uma ehluleka ukwamukela uJesu njengoMesiya. AbaseRoma 3:28 yisiphetho sikaPawule ekubangeni kwakhe ukuthi Umthetho wokukholwa awufaka iqolo. Uma umuntu elungisiwa ngezenzo zakhe, angazidla ngalokho. Kepha uma elungisiswa ngenxa yokuthi uJesu uyilokho akholelwa kukho, ngalokho lonke udumo ngokusobala lungolukaNkulunkulu olungisisa isoni. U-Ellen G. White unikeza impendulo ethathekisayo kumbuzo othi "Yini Ukulungisiswa ngokukholwa na?" Wabhala: "Kungumsebenzi kaNkulunkulu ekubekeni inkazimulo yomuntu othulini, futhi enzele umuntu lokho okungekho emandleni akhe ukuba azenzele kona."—Ellen G. White, *Testimonies to Ministers and Gospel Workers*, p. 456. Imisebenzi yomthetho ayikwazi ukusuza izono esedlule. Ukulungisiswa akuzuzwa. Kungamukelwa ngokukholwa emhkatshelweni kaKristu. Ngakho-ke, kulomqondo imisebenzi yomthetho ayinalutho nokwenza nokulungisiswa. Ukulungisiswa ngaphandle kwemisebenzi kuchaza ukuthi Ukulungisiswa ngaphandle kokuba Kukhona okukithina okusenza sikufanele. Kodwa amaKristu amaningi awayiqondanga kahle futhi awayisebenzisanga ngokufanele lendimana. Bathi konke othile okumele akwenze ngokukholwa nje kuphela, bebe bethi imisebenzi noma ukulalela akubalulekile, nakho ukulalela Imithetho Elishumi. Ngokwenzenjalo abamfundi kahle uPawule. Encwadini yabaseRoma nakwezinye izincwadi, uPawule unamathelisa ukubaluleka okukhulu ekugcineni imithetho Elishumi. Nembala noJesu wenzenjalo, njengoba kwenza uJakobe noJohane (Mat. 19:17; Rom. 2:13; Jakobe 2:10, 11; Samb. 14:12). Iphuzu likaPawule lithi, nakuba ukulalela Umthetho kungewona umgudu wokulungisiswa, umuntu olungisisiwe ngokukholwa ugcina Umthetho kaNkulunkulu futhi, empeleni, nguyena kuphela ongegcina Umthetho. Umuntu ongadaliwe kabusha ongalungisisiwe akasoze afeze izimfuno zomthetho.

Kungani kulula ukubhajwa kunoxhaka wokucabanga ukuthi ngoba umuthetho awusisindisi, akumele sizikhathaze ngokuwugcina na? Usuke wasithatha kancane isono ngokubanga Ukulungisiswa ngokukholwa na? Kungani lokho kuyingozi na? Kusenjalo, besiyoba kuphi ngaphandle kwesithembiso sosindiso, nakuba silingeka ukusiphatha budedengu na?

Cabanga Kabanzi:

Funda u-Ellen G. White, "*The Righteousness of Christ in the Law,*" pp. 236–239; "*Come and Seek and Find*," pp. 331–335; "*Perfect Obedience Through Christ*," pp. 373, 374, in *Selected Messages*, book 1; "*Things New and Old*," pp. 128, 129, in *Christ's Object Lessons*. "Nakuba Umthetho ungakwazi ukususa isehlwayo sesono, kodwa sibeka lonke icala phezu kwesono, uKristu uthembisile intethelelo eningi kubo bonke abaphendukayo, futhi bakholwe emuseni Wakhe. Uthando lukaNkulunkulu lwelulwe ngokuvelele kulowo ophendukayo nokholwayo. Uphawu lwesono phezu komphefumulo lungasuswa kuphela ngegazi loMhlatshelo wokubuyisana . . . waLowo owayelingana noBaba. Umsebenzi kaKristu—impilo Yakhe, ukuhlambalazwa, ukufa, kanye nokuxusela umuntu olahlekile—kugqamisa Umthetho, kuwenze uhlonipheke."—Ellen G. White, *Selected Messages*, book 1, p. 371. "Isimilo sikaKristu sithatha indawo yesimilo sakho, futhi wena wamukeleka phambi kukaNkulunkulu sengathi awukaze wone."—Ellen G. White, Steps to Christ, p. 62. "Lapho umpostoli ekhuluma ngokulungisiswa 'ngaphandle kwezenzo zomthetho.' Akakhulumi ngemisebenzi yokukholwa nomusa; ngokuba lowo owenza leyo misebenzi, akakholwa ukuthi ulungisiswa ngokwenza lemisebenzi. (Ngenkathi enza lemisebenzi yokukholwa), ikholwa lifuna Ukulungisiswa (ngokukholwa). Akuchazayo umpostoli 'ngezenzo zomthetho' yimisebenzi okuthi, lowo ozibona elungile, ngokuzenza, alungisiswe bese elunga ngenxa yemisebenzi. Ngamanye amazwi, ngenkathi enza okulungile, abafundi ukulunga, kodwa bafuna nje ukuzidla ngokuthi sebekutholile ukulunga ngemisebenzi yabo."—Martin Luther, *Commentary on Romans*, p. 80.

Imibuzo Yokuxoxisana:

1. Funda izindimana zaleliviki bese, ngamazwi akho, ubhala Isigaba ufingqe lokho ezikhushoyo. Yabelana ngesigaba sakho nabanye eklasini.

2. Funda isicaphuno sika-Luther Ngenhla. Kungani iqiniso elifana naleli lamqhuba ngendlela elenza ngayo na? Kungani lokho akusho kuyiphuzu elibucayi ukuba siliqonde nanamuhla na?

3. "Ama-Seventh-day Adventists azibona njengezindalifa kanye nabakhela phezu kwemiqondo ye-Reformation ngezimfundiso zeBhayibheli ngokulungisiswa ngomusa ngokukholwa kuphela, kanye nababuyisela nabaphakamisi bokuphelela, nokucacisa, nokulunganisa ivangeli labapostoli."—Ivan T. Blazen, "Salvation," *Handbook of Seventh-day Adventist Theology* (Hagerstown, Md.: Review and Herald® Publishing Association, 2000), p. 307. Zizathu zini esinazo zokukholwa ngathi ngendlela okubhalwe ngayo lapha na?

Notes